HILLCREST HIGH SCHOOL
UKUHLOLWA KUKAMEYI 2016
IBANGA LESHUMI (GRADE 10)
ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA (FAL)
IPHEPHA LESIBILI (PAPER II)

ISIKHATHI: 2 Amnhr.

IMIKLOMELO: 70

IMIYALELO:

- funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova imibuzo nezimpendulo.
- Sebenzisa isiZulu ESIVUMELEKILE.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Funda iphepha uma UQEDA ukubhala

OKUMHLOPHE KODWA !!!!!!!

QAPHELA MFUNDI !!!!!

LELI PHEPHA LINENCWADI – IMPICABADALA

ISIQEPHU A

- UBHALA NGABALINGISWA
- AMAMAKI AYI-15

ISIQEPHU B

- PHENDULA IMIBUZO YEZIQEPHU
- AMAMAKI ANGAMA- 35

ISIQEPHU C

- UPHENDULA IMIBUZO NJENGOBA UYALELWE
- AMAMAKI ANGAMA -20

AMAMAKI ESEHLANGENE ANGAMA-70

# ISIQEPHU A

## I-DRAMA
## IMPICABADALA – N.G. DLAMINI

1. Funda amagama/izibongo zabantu abangabalingiswa encwadini "Impicabadala" bese ukhetha abathathu ubhale ngabo **UNGADLULI** emgqeni **EYISHUMI** umuntu emunye. **LANDELA** imibuzo oyinikeziwe ozoyisebenzisa uma ubhala ngabalingiswa.

(i) Ngokwazi kwakho lichaza ukuthini igama lomlingiswa.

(ii) Uyalilandela yini igama lakhe ngaloko akwenza encwadini?

(ii) Chaza bese uveza ngezibonelo ezikhombisa ukulilandela noma ukungalilandeli igama / isibongo asiqanjiwe.

1.1 UNgqondo

1.2 UMaMbedu

1.3 UDonsa

1.4 UNdlovu

1.5 UMaNdaba [15]

# ISIQEPHU B

2. Fundisisa iziqephu ezilandelayo bese uphendula imibuzo oyibuziwe isiqephu ngasinye ngemisho **EPHELELE.**

**Yodwa** : Lowo msindo owehluleka ukuwubhula njengendoda.

**Madoda** : Kuyiqiniso lokho kodwa-ke mina njengendoda, ngasengisikalile isimo ngabona ukuthi angeke ibe khona inhlàlakahle uma ngiphoqa ngenkani yami. Futhi nawe wawungahlala kanjani nezingane ungazizali kube kukhona ugogo wazo onenhliziyo evulekile ukuthi ahlale nazo.

**Yodwa** : Nokho-ke bangihlukumeza kodwa.

**Madoda** : Ukuthi nje umama waba ibhimbi, kwakumele abonisane nawe ngezingane; hhayi unina wazo. Okudlulele athi noma esekutshela asivale ngci isikhala sezingane enhliziyweni yakho. Bheka nje uwena owawuphansi phezulu namalungiselelo omngcwabo wakhe, waze wayofihlwa. *(Ubambelela ekhanda, uyazinikina.)*

**Yodwa** : UNgqondo usele yedwa manje uMaMbedu uselele kobandayo, kepha izinhlungu akazizwa. Akadle yena umbhantshi wakhe. Mina angizoba inkositini yakhe, oyimfonyozela noma ingakuliphi icala. Kodwa ngalokhu ngincengwa uwena, yena uthini? *(Uyamjamela.)* Seziphelile izinyanga ezimbili umama ashona izingane zihlezi zodwa.

**Madoda** : Naye uyafisa ukuthi zibuyele kithina kodwa manje nami ngimkhumbuze izenzo namazwi akhe nomama kuwena.

2.1 Obani abaxoxayo kulesi siqephu osifundile? (1)

2.2 Imuphi umsindo akhuluma ngawo uYodwa angawubhulanga uMadoda? Bhala amaphuzu amabili. (2)

2.3 Yini eyenza izingane okukhulunywa ngazo la zingahlali nomama wazo? Bhala izizathu ezimbili. (2)

2.4 Isiphi isizathu esenza uMadoda aphoqeleke ukuthi akhulume ngezingane kuYodwa njengoba kwenzeka lapha esiqeshini? (1)

2.5 UYodwa uyixazulule kanjani inkinga kaMadoda? (2)

2.6 Bhala imibandela **EMIBILI** eyabekwa uYodwa omayelana nokuvuma kwakhe ukuthatha izingane zikaMadoda. (2)

[10]

3.

**Delisile** : Cabanga-ke ukuma nomuntu ekuphoqa kungekho nokuncane nje enizwana ngakho. Manje zinginetha ndawo zonke. Nothisha uhlale ubezwa bekhwela bedilika ngokuziphatha kwami. Ngokunjalo nasekhaya nginenkinga efanayo. Ngimane ngibindeke nje ukuthi ngizothini.

**Hleziphi** : Le nto ingaphezu kwamandla ethu, isidinga abazali.

**Delisile** : Hlezi, ukuxoxa izindaba zabafana nomzali ngikubona kuwumqansa nje. Umzali usezobona ukuthi wena uyinto yabafana nje. Hhayi! Hlezi kulukhuni.

**Hleziphi** : Deli mngane wami, ngiyizwa kahle inkinga yakho. Nami sengathi seziyime emthumeni. Angiliboni iqhinga engingakwephula ngalo kule ngwadla. Konje uthe othisha bayayazi le ndaba yakho.

**Delisile** : Hlezi, kimina othisha bafana nabazali. Akulula nje ukuyobhadlaza into eyihlazo kangaka kubona.

**Hleziphi** : Deli, angikhathali singazishaya ngamakhanda etsheni siyamdinga umuntu omdala kule nkinga yakho. Ohho! *(Uthinta umlomo ngonkomba.)*

3.1 Bakhuluma ngobani oDelisile neHleziphi lapha? (1)

3.2 Yini angayithandi uDelisile eyenziwa ilo muntu abaxoxa ngaye la? (1)

3.3 Ekhaya iyiphi inkinga ahlangabezana nayo noyise uDelisile ngenxa yalo muntu? Bhala amaphuzu amabili. (2)

3.4 Yini edala ukuthi uDelisile angakwazi ukuyixoxa ekhaya le ndaba? (1)

3.5 UHleziphi owaze waqhamuka necebo lokusiza uDelisile. Bhala uvume noma uphikise lo mbono bese uveza ngamaphuzu amabili isizathu sempendulo yakho. (2)

3.6 Inkinga kaDelisile akayibikeli ngani othisha esikoleni ngokwesiqephu? (1)

3.7 UHleziphi yini eyenza athande ukulubika kuthisha udaba lwenkinga kaDelisile? Veza lokhu ngamaphuzu amabili. (2)

[10]

**MaNdaba** : Awu! Wazi wona kahle amadoda uma sewake waba nenkinga enjalo.

**Ngqondo** : Okwangiqeda tu ukuthi ngisazikhohlisa ngithi angibonanga yena kanti imoto izovalelwa emarobhothini lapho sasiya ngakhona. Lapho-ke ngabhema ngakholwa. Wanele wathi nhla uMadoda wangibona wafaka ikhanda phansi unomphela kuhle okukamakoti egoyile. Ngagqolozela emotweni nami kwangathi ngibanjwe uzibuthe. Engangihamba nabo bathi ngamane ngathi qimu phansi lapho isuka nje imoto yomshado. Ngaphaphama esibhedlela sekubaniza amalambu abomvu naluhlaza. Uma sengibheka ngafikelwa ngumnyangabomu ngoba uma besho isikhathi engangena ngaso esibhedlela akuphelanga ngisho ihora ngiqulekile.

**MaNdaba** : Asikhohlwe esezadlula dade. Uthi uyazi ukuthi uDelisile ulimele?

**Ngqondo** : Yini? Ulinyazwe yini? *(Engakezwa esekhuluma amazwi ayiziswana)* Ezabo zingamaqanda aphihlikayo ezethu ziyizimbongolo zokubhonywa.

**MaNdaba** : Ungasasho dade. *(Uwakhipha wonke amehlo.)* Bamshaye engeqiwa ntwala-ke manje.

**Ngqondo** : Pho sebengaze bamgqeme ingozi ubesebulele bani nje nempela?

**MaNdaba** : Angithi phela uDelisile useqomile. Isoka lakhe lingumabhalane wesikole. Sengathi-ke wabuya sekuhwalele ngolunye usuku kanti bazovulela isibhaxu.

4.1 UMaNdaba bahlobene kanjani noNgqondo? (1)

4.2 Iyiphi le ndoda abaxoxa ngayo la oMaNdaba noNgqondo? (1)

4.3 Yini eyayenzeka le eyenza uNgqondo aqimuzeke phansi. Bhala kube kubili. (2)

4.4 Ubekuphi uDelisile ngenkathi elimala? (1)

4.5 Uqinisile yini uMaNdaba uma ethi uDelisiwe ushayiwe? Uma kungenjalo pho kwenzekeni kuDelisile? Bhala uchaze ngamaphuzu amabili. (2)

4.6 UDelisile kwenzeke kanjani ukuthi atholakale ekotishi likaDonsa ngosuku atholakala ngalo khona? Bhala uveze ngamaphuzu amabili. (2)

4.7 Wayezokwenzani uNgqondo emzini kaMaNdaba ngalolu suku? (1)

[10]

5.

| | | |
|---|---|---|
| **Tholile** | : | *(Sengathi uyaphupha umangele.)* Okunye-ke lokhu. |
| **Donsa** | : | *(Uyangena umgqolozela emehlweni uhlengezela izinyembezi.)* Tholile ngixolele mkami. |
| **Tholile** | : | Ngikuxolele? Usho ukuthini Donsa? Wena nje phuma endlini ngiyidayise. |
| **Donsa** | : | Ngicela uxolo mkami. Ungixolele kukho konke engakona ngakho. |
| **Tholile** | : | Angisafuni lutho oluqondene nawe Donsa. Qhubeka wena nezinqumo zenkantolo. Mina angisazikhathazi ngawe. |
| **Donsa** | : | Asibuyele ekhaya. Siqale impilo yethu entsha enokuthula nokuthokomala. |
| **Tholile** | : | Wu dade! Angeke mina ngisawuhlala loya muzi. Phuma uphele lapha endlini angeke ukubone lokho. |
| **Donsa** | : | Awu mkami, ngicela ungixolele ngadlala uDelisile nonina. |
| **Tholile** | : | Donsa, uyiqili kabi wena futhi unamanga. Phuma lapha endlini. *(Umphushela phandle ucindenzela umnyango ngomhlane.)* |

5.1 Uphumaphi uDonsa njengoba engena lapho kukhona uTholile? (1)
5.2 Uhlalaphi yena uTholile manje? (1)
5.3 Umfice ehlezi nobani uDonsa uTholile? (1)
5.4 Yini ayixolisayo uDonsa kuTholile? Bhala iphuzu ELILODWA. (1)
5.5 Iliphi leli khaya athi ababuyele kulo uDonsa? (1)

[5]

## ISIQEPHU C

6. Bhala igama **ELILODWA** ugcwalise izikhala ezilapha ngenzansi. Bhala igama KUPHELA.

6.1 UMaMbedu uthi oDelisile abathathe ama-aphula e.......
6.2 Ama-aphula kade ewaphathise u........uMaMbedu.
6.3 UNgqondo isibongo sakhe salapho ezalwa khona ikwa........
6.4 Igama lengane kaYodwa noMadoda u............
6.5 UTholile ungumhlengikazi esibhedlela i..........

[5]

7. Khetha igama ELILODWA elilungile ezikokeleni ulubhale phansi.

7.1 UMaMbedu ngenkathi egula weyephethe ( isifo sofuba, ushukela, iphika.)
7.2 UNgqondo uma ethakazela uGatsheni wayethi (uBoyabedube, uBoyabengwe, uBoyabenyathi.)
7.3 UYodwa ngenkathi evuma ukuthatha izingane zika Madoda wathi wenzela ( UThixo, uMaMbedu, uNkulunkulu.)
7.4 UDonsa ungumabhalane esikoleni (eSishosonke, eKuhlekonke, eKuhlekwethu.)
7.5 Ungqondo wacela uMaNdaba enzele uDelisile ( inyama yangaphakathi, isobho, ujeqe.)

[5]

8. Phendula ngokuthi, IQINISO noma IPHUTHA embuzweni elandelayo.

8.1 UMaMbedu kwakungumama kaNgqondo.
8.2 UDelisile noNozipho izingane zikaMadoda azithola emshadweni wokuqala.
8.3 UNdlovu wagcina emxoshile uNdlovu emzini wabo.
8.4 Igama elithi uNomaqili silizwe ngoNdlovu ngenkathi exabana noNgqondo.
8.5 UmkaDonsa babembiza ngoMatholi abangani bakhe.

[5]

9. Khetha impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala uphawu KUPHELA.

9.1 Ugogo ubiza uNozipho ngokuthi:

(i) ithatha
(ii) iyabatheka
(iii) ilabatheka

9.2 UNdlovu ubiza uNgqondo ngokuthi:

(i) uzendazamshiya
(ii) igqinkehli
(iii) iqhashamlenze

9.3 UNgqondo wanika uNgqondo imali yokuthenga isobho engama:

(i) R20
(ii) R10
(iii) R15

9.4 Umfana ohlupha uDelisile:

(i) UThemba Khanyile
(ii) uThemba Khuluse
(iii) UThemba Khumalo

9.5 UMaKheswa ungumngani ka:

(i) Yodwa
(ii) Tholile
(iii) MaNdaba

[5]

ISAMBA [70]